basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

# IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2011**

**KWAZULU-NATAL**

**AMAMAKI: 120**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayi-17.**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isifundo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (60) |
| ISIQEPHU D: | Imibhalo (Literature) | (20) |

3. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

4. Abahlolwayo mabafundisise YONKE imiyalelo ngokucophelela.

5. Akuphendulwe YONKE imibuzo ezigabeni A, B no-C kukhethwe izincwadi EZIMBILI esigabeni D.

6. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

7. Akudwetshwe umugqa emva kwesiqephu ngasinye.

8. Hlela izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo embuzweni ngamunye.

9. Yeqa umugqa emva kwempendulo ngayinye.

10. Bhala ngobunono nangendlela ecacile.

## ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IGALELO LABESIFAZANE**

Izinto sezishintshile kulesi sikhathi esiphila kusona. Lolu shintsho (change) lukhona emhlabeni wonke. Kuqala kwakuthiwa indawo yomuntu wesifazane (female) isekhishini. Kwakulindeleke ukuba ngaso sonke isikhathi abesifazane basebenze ekhaya, bapheke, bawashe, babheke izingane kanye neminye imisebenzi yasekhaya. Abanye abazali babelibeka ngembaba ukuthi ukufundisa ingane yentombazane ukumosha (waste) imali. Lokhu phela babekwenziswa ukuthi babelungiselelwa (prepare) ukuthi bazoshada babheke amakhaya abo. Abanye babengavunyelwa ukuyosebenza.

Izinto zishintshile manje ngoba sesibona abesifazane benza yonke imisebenzi eyayenziwa amadoda kuphela. Esikhathini samanje sesibona abesifazane, abadala nabancane bekuyo yonke imikhakha yempilo (spheres of life). Kwezepolitiki (politics), sithola abesifazane phakathi ephalamende (Parliament). Cabanga ngemisebenzi eyenziwa ngomama abanjengo; Hillary Clinton, Nkosazana Zuma, Luisa Diago, Helen Zille, Ellen Johnson-Sieleaf, Zanele kaMagwaza-Msibi kanye nabanye abaningi. Kuyajabulisa ukubona ukuthi oHulumeni bayalugqugquzela (encourage) lolu shintsho ngokubavulela amathuba (opportunities) abesifazane.

Baningi abesifazane obathola emidlalweni enhlobonhlobo njengasebholeni lezinyawo, egalofini, esibhakeleni (boxing), ukugwedla ngezikebhe (canoeing) kanye neminye imidlalo eyayenziwa amadoda kuphela. Abanye besifazane banamabhizinisi amakhulu. Abanye abantu besilisa abakuthandi lokhu, babona sengathi isithunzi (dignity) sabo siyehla. Abanye besilisa abafuni ngisho ukubanika inhlonipho (respect) ebafanele uma besebenza ngaphansi kwabo.

Ukushayela (driving) izitimela, amabhasi, amabhanoyi nezithuthuthu kwakungumsebenzi wamadoda kuphela. Esikhathini samanje nabesifazane ubathola benza imisebenzi yokushayela lolu hlobo lwezithuthi (transport). Usubona ngisho nesinedolo sishayela imoto. Akekho owesifazane ozibeke phansi ongafuni ukuzithuthukisa.

Lokhu kuzimisela (determination) kwabesifazane kusinika ithemba lokuthi mhlawumbe ngelinye ilanga iNingizimu Afrika iyoba noMongameli (President) wesifazane.

1.1.1 Kuqala kwakuthiwa ikuphi indawo yomuntu wesifazane? (1)

1.1.2 Yiluphi ushintsho okukhulunywa ngalo kule ndaba engenhla? (1)

1.1.3 Kungabe lolu shintsho luhle noma lubi? Sekela impendulo yakho ungeqi imigqa emibili. (2)

1.1.4 Bhala amagama abesifazane ABABILI baseNingizimu Afrika abakwezepolitiki. (2)

1.1.5 Phendula ngokuthi IQINISO (fact) noma UMBONO (opinion) kule misho elandelayo:

(a) UHillary Clinton unegalelo (input) kwezepolitiki. (1)

(b) Abesilisa abathandi ukubona abesifazane bephumelela (succeeding). (1)

1.1.6 Khipha igama endabeni elisho okufanayo nelithi; **ukuzithokozisa.** (1)

1.1.7 Khetha impendulo kulezi ozinikiwe echaza lezi zimo zokukhuluma:

(a) Nesinedolo:

A Amadoda
B Abesifazane
C Noma ubani (1)


(b) Ukulibeka ngembaba:

A Ukusho njengoba kunjalo
B Ukufihla
C Ukushintsha (1)

1.1.8 Kungani ucabanga ukuthi isihloko; 'Igalelo Labesifazane' siyifanele le ndaba? (2)

1.1.9 "…Abesifazane benza yonke imisebenzi eyayenziwa ngamadoda kuphela."
Lesi sitatimende esingenhla singuMBONO noma IQINISO na?
Sekela impendulo yakho. (2)

1.2 Buka le khathuni elandelayo bese uphendula imibuzo.




1.2.1 Humusha ngolimi lwesiZulu; 'Women's Day.' (2)

1.2.2 Lo mama ubukeka ejabulile. Yini ocabanga ukuthi imenza ajabule? (2)

1.2.3 Bhala izinto EZIMBILI ezenziwa umama osesithombeni. (2)

1.2.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe kubakaki (brackets).

(a) Iholide labesifazane liba ngomhla we-
(9 ku-August, 19 ku-August, 29 ku-August) (1)

(b) Igama le-TV ngesiZulu:
(umaboneduze, umabonakude, iwayilense) (1)

1.2.5 Kungabe lo mndeni unazo izingane? Sekela impendulo yakho ngokubukisisa ikhathuni. (2)

1.2.6 Bhala izinto EZIMBILI ezinhle obaba abazenzela omama ngalolu suku emakhaya. (2)

1.2.7 Yini umahluko (difference) okhona phakathi komama ababephila esikhathini sakudala nalaba abaphila esikhathini samanje? (2)

1.2.8 Isiphi isifundo osithola kule khathuni? (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fingqa le ndatshana ngamaphuzu (points) ayisikhombisa anamagama aphakathi kwangama-40 ukuya kwangama-50 ubhale **ngezinto abantu abangazenza uma bephelelwa umsebenzi.**

**INDLELA YOKUPHILA UMA UPHELELWA UMSEBENZI.**

Ukuphela komsebenzi kwenziwa/kubangelwa izinto eziningi. Isimo somnotho esingesihle (weak economy) yikhona okubangela ukuthi abantu balahlekelwe yimisebenzi. Okubuye kube yimbangela yalokhu, ukuthuthuka kweThekhnoloji, lapho sibona umuntu oyedwa enza umsebenzi wabantu abaningi ngokucindezela inkinobho (button) nje kuphela. Okubalulekile ukuthi umuntu akufanele alahlekelwe yithemba lokuthi ayikho into angayenza lapho ephelelwa umsebenzi.

Kubalulekile ukuthi uma usasebenza kube khona imali encane ozibekela (save) yona ukuze kuthi ngezikhathi ezinzima ukwazi ukuziphilisa. Akufanele uthi uma uhola imali oyisebenzele bese uyisaphaza (waste) ngezinto ezingabulekile. Vakashela ibhangi (bank) olisebenzisayo bese ucela ukuthi bakweluleke (advice) ngokuthi imali yakho ingazala (interest) kanjani uma uyilondoloza (save).

Ukuphelelwa ngumsebenzi (retrenchment) kwenza izinkinga eziningi emindenini. Luyaphela uthando bese kuba khona ukuxabana/ukulwa (arguing) ngaso sonke isikhathi. Lokhu kuxabana komndeni kungadalela ngisho nomphakathi izinkinga, bese kwanda ubugebengu (crime) ngenxa yemindeni engasebenzi. Kubalulekile ukuthi imindeni ibambane (united), ithandaze ezikhathini ezinzima zokuphelelwa ngumsebenzi.

Uma uphelelwa ngumsebenzi vakashela izikhungo (centres) lapho uzothola usizo mayelana nokuthi ungaziqeqesha (training) kanjani emikhakheni eyahlukene (different fields). Ungenza imisebenzi efana nokusebenza ngogesi (electricity), ukubaza (capentry), ukukhanda izimoto (motor mechanics) kanye nokunye. Lokhu kuyokusiza ukuthi uzidalele (create) amathuba emisebenzi.

UHulumeni naye uyasiza kubantu abaphelelwe imisebenzi. UMnyango wezeMisebenzi (Department of Labour) yiwona osiza ngezimali lezi zikhungo ezahlukene. Bonke abaqeqeshwayo bathola izitifiketi okuyizona ezizokwenza ukuthi uthole umsebenzi ezimbonini (companies) ezinkulu.

Okunye ongakwenza ukukhuluma nabantu abazisebenzayo (self employed) ucele ukuthi bakubonise ukuthi benza kanjani ukuze baphumelele. Lokhu kuyokwenza ukuthi nawe ugqugquzeleke (self motivated).

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese ulungisa amagama angapelekile kahle ubhale nezimpawu zokubhala (punctuation marks).

| |
|---|
| kwasuka ngisho nesinedolo ngosuku lokuvota umongameli uzuma yenake wayegqugquzela abantu ukuba baphume ngobuningi babo yena wavota endaweni yakubo le enkandla lolu khetho lwenziwa njalonje emva kweminyaka emi2 |

**[6]**

### UMBUZO 4

Funda lesi sixwayiso bese uphendula imibuzo.

| |
|---|
| ENingizimu Afrika alipheli **ilanga** kungabanga khona ukuphazamiseka kukagesi. Le nkinga idala ukuba **isimo** somnotho sehle ngoba ngalesi **sikhathi** ugesi ungekho abantu bayama ukusebenza. Kuba kubi kakhulu uma uphela **ngesonto** ngoba **uMfundisi** uthi esashumayela esebenzisa i-mayikrofoni ugesi uvele uthi nya. **UProfesa** Vimbayi omele inhlangano yabasebenzi basezimayini ebizwa ngokuthi iNational Union of Mineworkers, uthi lokhu kufaka **abasebenzi** basezimayini engozini enkulu. Abantu bayafa emgodini, abanye bayambozeka bathole sebelimele amalunga athile omzimba. |

4.1 Sikhuluma ngani lesi siqeshana esingenhla? (1)

4.2 Bhala **isinciphiso** segama 'isikhathi'. (1)

4.3 Bhala **izifenyiso/izifinyezo** zala magama alandelayo:

4.3.1 uMfundisi (1)

4.3.2 uProfesa (1)

4.4 Iyiphi ingozi enkulu eyenzeka ezimayini uma kuhamba ugesi? (2)

4.5 Bhala **iziqalo** zala mabizo:

4.5.1 abasebenzi (1)

4.5.2 isimo (1)

4.6 Sebenzisa la magama ango**mabizwafane** (homonyms) emshweni EMIBILI ukuze Kuvele izincazelo ezingafani:

4.6.1 ilanga (2)

4.6.2 isonto (2)

4.7 Leli bizo imayikrofoni liwumfakela, yisho ukuthi lisuselwe kuliphi ulimi. (1)

4.8 Uma ucabanga abantu abangenawo ugesi emakhaya basebenzisani? (2)
**[15]**

**UMBUZO 5**

Funda lesi sihloko sephephandaba bese ukhipha amagama **amane achazayo** (izichasiso).

**10 Okthoba 2011**

ISOLEZWE

IZIGEBENGU ZIMBE
EBEZIFAKE IZIGQOKO
EZIMNYAMA
ZIDUBULE ABAFANA
ABANCANE
ENKUNDLENI
YEBHOLA EJOZINI

**[4]**

**UMBUZO 6**

Guqula amagama akubakaki abe **ondaweni** (locatives).

Ubaba wathi esajika (6.1 umgwaqo) omkhulu imoto yakhe yavele yashayisana nenye. Le ngozi yaba nkulu ngoba waze waphuthunyiswa (6.2 isibhedlela) esiseduze. Walimala (6.3 ikhanda) nasentanyeni. Umama wathi kungcono ayolashwa (6.4 iTheku) ngoba umndeni wakhe ulapho. Impilo yaba yimbi la (6.5 uMkhize) njengoba ubaba wayezohlala isikhathi eside kakhulu esalashwa.

**[5]**

**UMBUZO 7**

Qondanisa uKHOLOMU A (isaga) noKHOLOMU B (incazelo).

| **IKHOLOMU A** | | **IKHOLOMU B** | |
|---|---|---|---|
| 7.1 | Ikati lilele eziko. | A | uma ungalaleli uba nenkinga |
| 7.2 | Umendo awuthunyelwa gundane. | B | into engasoze yenzeka |
| 7.3 | Hamba juba bayokuchutha phambili. | C | ukudla akukho |
| 7.4 | Inkomo ingazala umuntu. | D | Ubona nokungafanele |
| 7.5 | Iso liwela umfula ugcwele. | E | awazi ukuthi kunjani lapho uzoshadela khona |

(5 x 2) **[10]**

**UMBUZO 8**

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

| |
|---|
| Bebehlangene abomndeni wakwaMadiba izolo ngoba kudutshulwe **indodakazi** yabo u-Andile. Kuthiwa i-ambulense ifike ngokushesha wabe esenikwa usizo loku**qala**. Emva kwalokho udluliselwe ekliniki. Udokotela uNaidu umkhiphe **inhlamvu** ebibhajwe esifubeni. Ubaba uMsholozi nethimba lakhe badlulise umyalezo wokududuza lo **mndeni** wakwaMadiba. Amabandla ahlukene abambe imithandazo ukucelela u-Andile ukuba alulame masishane. **Iqembu** lehokhi alidlalelayo lithe lokhu kwenziwe igwala elinomona. Phela leli qembu liya emqhudelwaneni weNdebe yoMhlaba eMelika ngesonto elizayo. U-Andile ubengukaputeni waleli qembu, okusho ukuthi lesi senzo sizokwenza ukuba kufunwe ozo**ngena** esikhundleni sakhe. |

8.1 Bhala **izikhuliso** zala magama alandelayo:

8.1.1 inhlamvu (1)

8.1.2 Iqembu (1)

8.2 Bhala amagama **aphikisa** lawa alandelayo:

8.2.1 -qala (1)

8.2.2 -ngena (1)

8.3 Bhala **ubuningi** bebizo 'umndeni'. (1)

8.4 Khipha igama esiqeshini **eliyibizoqoqa** (collective noun) kule misho elandelayo:

8.4.1 Umuntu osaba ukulwa. (1)

8.4.2 Umuntu ophethe iqembu emdlalweni. (1)

8.5 Bhala **ubulili** besilisa bebizo 'indodakazi'. (1)
**[8]**

**UMBUZO 9**

Khetha igama elifanele kulawa owanikiwe bese ugcwalisa izikhala:

| |
|---|
| indlovu; inja; inkalankala; inyoka; inyamazane |

9.1 Uhamba ekekela sengathi ... (1)

9.2 Unomona omkhulu loyo ... uqobo lwayo. (1)

9.3 Ngeke umqukule usinda kakhulu sengathi ... (1)

9.4 UNomusa akagijimi ... yangempela. (1)

9.5 Ungakhulumi phambi kwakhe ... uzotshela abanye. (1)
**[5]**

**UMBUZO 10**

Funda lesi siqeshana bese ukhipha amagama ayisikhombisa ahambisana nesihloko.

**IZITELEKA**

Sekuyinto ejwayelekile ukuthi abafundi basemaNyuvesi uma benezikhalazo bavele bateleke. Baduba ukufunda bashaye itoyitoyi bagcwale amagceke esikole. Bashisa izimoto zabaphathi, bachithe imigqomo bashise nezincwadi imbala. Kuyaye kusize ukufika kwamaphoyisa nakuba bayaye bawajikijele ngamatshe. Amaphoyisa aba senkingeni aze asizwe ukudubula nokubathela ngosi olukhalisa unyembezi (tear gas). Kubuhlungu uma uzwa sekuthiwa kukhona ababoshiwe, abalimele nabafile. Impela zimbi iziteleka! **[7]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 60**

## ISIQEPHU D: IMIBHALO (LITERATURE)

- Kulesi siqephu umfundi uzophendula ngezincwadi EZIMBILI kuphela.
- Lezo zincwadi azibe namamaki angama-20.
- Awuvunyelwe ukuxuba imibuzo ngezincwadi ezahlukene.

**UMBUZO 11: INOVELI: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

'Kuboshwe uZenze lapha.'
'Uboshelweni?'
'Indaba ende kakhulu Bheki, ngizobuye ngikulandise yona. Into esemqoka imali yokumhlawulela ukuze aboshelwe ngaphandle.'
'Kwakubi-ke Tholi. Manje bathe bafuna malini?'
'Bafuna izinkulungwane ezintathu zamarandi kuphela'.
'Hawu! Kanti wenzeni kangaka?'
'Ngizobuye ngikuxoxele. Ungasisiza ngale mali kusasa?'
Athule uBhekani. Acabange ajule manje. Akazi phela nokuthi uTholi uze akhathazeke ngoZenze nje yini indaba.
'Imali phela ngingayikhipha emini. Ngikubonephi-ke wena?'
'Akukho nkinga, ngingathumela uPamella azoyilanda. Wena shono isikhathi angafika ngaso uPamella.'
Athule futhi uBheki. Kubonakale ukuthi udla amathambo ekhanda. Abuke uTholakele. Ahleke kancane uTholi. Ithambe inhliziyo kaBheki.
'Akafike ngothwalofu.'
'Ngiyabonga mntakwethu. Angazi ukuthi ngingakwenzelani emhlabeni.'
'Nihlobene yini noZenze lona?'
'UZenze nje ufana nobaba kimi Bheki. Kuningi asengisize ngakho.'

11.1 Buhlobo buni obukhona phakathi kukaBhekani noTholakele? (1)

11.2 Ngubani oboshiwe kule siqephu? (1)

11.3 Uboshelweni lo okukhulunywa ngaye? (1)

11.4 Yini eyenza kukhathazeke uTholi ngokuboshwa kwalo muntu? (1)

11.5 Imalini edingekayo ukuze kukhokhwe ibheyili? (1)

11.6 Ngubani ozokhipha imali yokukhokha ibheyili kaZenze? (1)

11.7 Izolandwa ngubani le mali ukuze kuyokhokhwa ibheyili? (1)

11.8 Ukungafuni kukaTholi ukunika uBheki imininingwane ngesiboshwa kukhombisani ngothando lwabo? (1)

11.9 Ukudla amathambo ekhanda kusho (ukudla inyama yenhloko uma kuhlatshiwe, ukucabanga ujule, ukumoyizela.) (2)

**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 12: INOVELI: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

EThekwini uMjwayeli nomkakhe baya kulo muzi lapho uyise wayejwayele ukuya khona. Bathi bengena nje esangweni, indoda yavulela inja kwakhalwa ubumayemaye inja enkulu ibasukela, wayikhuza. Bacela ukukhuluma nayo, yathi abangene.
Baba ukungena nje endlini yababuza:
'Nginganisiza ngani?' Kwaphendula uMchunu: 'Besicela ukubuza ukuthi ubaba evalelisa kinina akashongo yini ukuthi uyaphi?'
'Uthe uya eMnambithi. Nikushiso yini lokho?'
'Abafowethu ababatholanga esiteshini, bafike sebehlile esitimeleni.'
'Kanti ubaba wenu ngempela uMchunu naningamnakile nje. UMchunu ubehamba ngezinto ezinganakekelwe zonke izinsuku ukhona makoti?'
'Qha, ubaba ubevuka sengihambile ngingaboni ukuthi ugqokeni.'
'Wena ubuhamba ungamlungiselanga lutho ngisho nokokudla, uncisha indoda eyakuzalela indoda, nawe, unganaki ukuthi uyihlo udlani futhi ugqokeni? 'Niyafuna nginitshele mina ukuthi ubaba wenu ukuphi?'
'Yebo.'
'Ubaba uhambe eniphuce zonke izibusiso ngendlela enanimphathe ngayo. Usho nokusho ukuthi bayohamba nomkakhe bayofela ezintabeni lapho bengaziwa muntu. Phumani lapha ngingaze ngikhulule inja inidle niphila!'

12.1 Wawukuphi umuzi wendodana kaManyoba ayehlala nayo? (1)

12.2 UManyoba wayesuke emzini wendodana yakhe eyaphi? (1)

12.3 Kwakuyini isizathu esenza ahambe uManyoba kwandodana yakhe? (1)

12.4 Yini ekhathaza indodana kaManyoba nonkosikazi wayo njengoba beze lapha kwamakhelwane nje? (1)

12.5 Bhala izinto EZIMBILI umakoti okwakumele azenze kodwa ayengazenzi ukunakekela ubabezala wakhe. (2)

12.6 Yini eyashiwo yile ndoda ababezobuza kuyo ekhombisa ukuthi indodana kaManyoba nomakoti wayo babezolandelwa amashwa/amabhadi? (1)

12.7 Yini eyayishiwo ile ndoda eyayikhombisa ukuthi ithukuthele? (1)

12.8 Ukuthi bayofela ezintabeni kusho ukuthi bayofela (entabeni ekude, lapho bengaziwa muntu khona, endaweni enezintaba eziningi). (2)
**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 13: UMDLALO: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

*(Emzini wenkosi, uMaNgema noMaShezi bayaxoxa.)*

MaNgema: MaShezi, ngikulethelwe yinkosi. Ukufika kwakho kunginika ithemba. Amadoda abuye ehluleke ukulungisa izinto. Futhi awaboni noma isimo sesimanzonzo.

MaShezi: Ndlunkulu, ngibone kungcono ngisebenzise leli thuba. Phela ngizwile emsakazweni ukuthi amakhosi anembizo le oLundi, kanti nakwami imamba yalukile. (A*thi ukuthula*.) Yebo Ndlunkulu, kuyiqiniso elimsulwa ukuthi amadoda abuye ahluleke. Umyeni wami unekhanda eliqinile. Ngempela kunesikhathi eside ngizama ukumbonisa ngokuthathisa enkosini ngaphambi kokwenza noma ngabe yini ngoba lena yindawo yenkosi. Okubi kakhulu ngukuthi umabhalane wakhe naye uxegelwa yikhanda.

MaNgema: Isenzo sakho nendlela ocabanga ngayo kuyangiphoqa ukuthi ngisho ngithi ungomunye wabafazi abangalakha leli zwe. Eqinisweni inkani namagqubu akubuyiseli muntu. Kunalokho kwandisa amathuna nezililo ezingenasidingo.(A*thule kancane.*) Uyazi, angazi ukuthi uDuma wabonani kule mpohlo yakwaMbandlwa.

MaShezi: Phela selokhu bezwana ngalesiya sikhathi bengabaholi beneqeqebana labantu ababegqugquzela umzabalazo. (*Athule kancane*.) Lokho-ke kwadlula yize kwadlula nemiphefumulo eminingi. Emva kwalokhu kwathelelwana amanzi. Kanti yini ukuthelelana amanzi uma kanti bona bengazimisele ngokuthula? Ngiyamthanda umyeni wami. Angifuni afe. Yikho ngize lapha kuwe. Okunye ngukuthi mina ngiyabona futhi ngiyezwa ukuthi abantu benkosi sebeyaxokozela. Abaningi bayamsola uDuma. Ndlunkulu mina angifuni ukubona engake ngakubona endaweni yakomalume ngiseyingane.

13.1 Bakuphi laba abakhuluma ngenhla? (1)

13.2 Ubaluleke ngani emphakathini uMaShezi njengoba ekubona kungumsebenzi wakhe ukwenza imizamo yokuletha ukuthula endaweni. (1)

13.3 Yini eyenze uMaShezi akhethe lolu suku ukuzobona uNdlunkulu? (1)

13.4 Ikuphi inkosi njengoba bexoxa nje? (1)

13.5 Yisiphi isizathu esenza lawa makhosikazi ahlangane abayeni bawo bengazi? (1)

13.6 Yini le umyeni kaMaShezi angafuni ukumlalela kuyona uma embonisa? (1)

13.7 Kuzwakala sengathi uMaNgema akamthandi uMbandlwa. Bhala igama alisebenzisile elikhombisa ukungamthandi uMbandlwa. (1)

13.8 Bahlobene kanjani uDuma noMbandlwa. (1)

13.9 Ukuthi kwathelelwana amanzi kusho ukuthi (kwaxatshanwa, kwaxolelwana, kwaliwa.) (2)
**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 14: UMDLALO: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

*(UThenjiwe uzobona uSipho ejele bayaxoxa.)*

Sipho: Kodwa uthe uyaphi ekhaya?

Thenjiwe: Ngithe ngiya kwasisi. Kuzofuneka uma ngisuka lapha ngidlule kuye ngimgqibe.

Sipho: Kubuhlungu kabi Thenjiwe. Angazi ngingakuchazela ngithini. *(Zicwebe izinyembezi.)* Ibuhlungu impilo yalapha angithandi ukukukhohlisa. Ngakhumbula ekhaya ngifika nje.

Thenjiwe: Ngiyakuzwela Sipho. Icala lakho kuthiwa yini ngempela?

Sipho: Kwavele kwathiwa ngonisa wena emzini. Ngikwenza ube nenkani.

Thenjiwe: Awusasho yini ukuthi wawulamula ungaqonde kugwaza muntu.

Sipho: Abanginikanga ithuba elide lokuchaza. Okubi-ke ngangingenaye nofakazi.

Thenjiwe: Awusasho ngani ukuthi abangibize?

Sipho: Ngabona ukuthi ngizokwandisela izinkinga. Ukube kuya ngami ngabe ngithi mgane uDumisani lowo.

Thenjiwe: Kahle bo. Sekwenzenjani futhi?

Sipho: Kwathiwa ngiyophuma uma seniganene.

Thenjiwe: Kanti awuboshelwe lona icala lakho owalenza? Kwenzelwa ukuba ngigane uDumisani?

Sipho: Ngendlela engihlezi kabuhlungu ngayo lapha mngani wami, impela shintsha umqondo. Mhlawumbe uthando lukaDumisani luzobuye luvele.

14.1 Bakuphi laba abaxoxayo ngenhla? (1)

14.2 UThenjiwe uphume ekhaya wathi uyaphi njengoba elapha nje? (1)

14.3 Kungani kufanele afihle uma eza kule ndawo? (1)

14.4 Okuyilona cala alenza uSipho yiliphi? (1)

14.5 Yiliphi icala athweswe lona njengoba elapha nje? (1)

14.6 Yini eyenza uSipho acindezeleke kakhulu lapho sekuqulwa/sekuthethwa icala? (1)

14.7 Yimuphi umbandela (condition) owabekwa oyokhipha uSipho ejele? (1)

14.8 Siyini isifiso sikaSipho ngobudlelwano bukaThenjiwe noDumisani? (1)

14.9 Ngokwalesi siqephu ukugqiba umuntu (ukumvala ukuthi angakhulumi iqiniso mayelana nodaba oluthile, ukumfaka emgodini ephila, ukumfihlela indaba ethile.) (2)
**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 15: IZINDABA EZIMFISHANE: *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli**

***IMFIHLO KAMAKOTI* – MT Mkhize**

Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

'Ngabe usulale wavuka usunemali njalo Roy njengoba ukade uyilandula khona ebusuku nje?' kubuza uMaKhulu engena ephuma nakhu phela ulungiselela ukuwasha izingubo ayelokhu ezicwile ngayizolo ukuze asheshe azeneke angaze athathwe ezinye izindlela zangoMgqibelo.
'Impela ma, nginayo noma ngingenayo imali, kufanele ukuba ngikulethele umuntu lapha ekhaya ozokusiza.'
'Zaze zamnandi-ke izindaba Roy! Kodwa ebe engowakwabani yena lowo mntwana wabantu okwaze ukukunqoba, Roy?' Kubuza uMaKhulu.
'UngowakwaMsomi khona lapha eMlazi, kwa R, ma.'
'Ewu, kanti nguNomndayi! Kudela owaziyo ukuthi ubegeze kuphi?'
'Ubengageze ndawo, kodwa ngicabangela wena njengoba ukade usho nje ebusuku.'

Okunye-ke okungiqinisa idolo kube ngukuzwa ukuthi kubo akulotsholwa njengoba name ngingenamali nje.'
'Usho ukuthi kanti ngumfazi wamahhala lowo, Roy?'
'Cha phela ma, uRebecca uthi kuyisiko lakubo lokuthi umuntu angathengiswa ngoba akasiyona impahla.'
'Ewu, kwasengathi ngiyakweshwama-ke lokho Roy! Kodwa-ke sesiyobona okwenzekayo. Ukumupha iso-ke nje nathi ebesingathanda ukukwenza ungakamfaki lapha ekhaya.'

15.1 Ngubani umama kaRoy? (1)

15.2 Bhala igama nesibongo sale ntombazane uRoy afuna ukuyilobola. (2)

15.3 Sithini isithakazelo sale ntokazi? (1)

15.4 Bhala izizathu zibe MBILI okuyizona ezenza uRoy abone kufanele ayishade le ntokazi. (2)

15.5 Ngabe umama kaRoy uyakujabulela ukuthi uRebecca akazolotsholwa? Sekela impendulo yakho. (2)

15.6 Ukumupha iso kusho (ukumvakashela, ukumshayela ucingo, ukumbona). (2)
**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 16: IZINKONDLO: *AMAHLOKOHLOKO* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Funda inkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo.

**IZIMOMONDIYA – BZ Gama**

Ngizibonile ezinhle kakhulu
Amalamb' adlile uqobo,
Omashayela phezulu boqobo,
Ngisho amaNkisimane ansundu
Akhuluma asikhiphe ngamakhala,
Izintombi zendlu empisholo.

Amakhanda agcwele ayachichima,
Ulwazi lobuchwepheshe besimanje
Izimomondiya ezisebenza zihlezi
Yeka iminwe ukuchofoza,
Iminwe egijima iye le,
Ibuye umuva, iye phambili.

Amehlo agqolozele ibhokisi,
Iminwe ichofoza amathambo,
Ngisho amathambo amhlophe,
Agqize ngomnyama umbala,
Okomfaniswano wezingane zesikole
Zigxumagxuma emabaleni.

Ngiyaseshwama isimangaliso seminwe
Egidagida phezu kwamathambo,
Ngisho amathambo amhlophe
Ibhale umyalezo wansondo
Yeka ubuciko bekhompuyutha,
Ubuciko bondlebe zikhanya ilanga.

Angiwubonaze umshini oyisimangaliso,
Umshini okhuluma buthule,
Umshini obuza buthule,
Yisimangaliso lesi sakobelungu
Esifinyeza umsebenzi umkhulu
Simangaliso ubaba nomama.

16.1 Iluhlobo luni le nkondlo? (1)

16.2 Ngonjani umoya otholakala kule nkondlo? (1)

16.3 Bhala ukuxhumana siqalo okutholakala kustanza sokugcina. (1)

16.4 Bhala ukuxhumana sigcino okutholakala kustanza sokuqala. (1)

16.5 Izimomondiya zisho izintombi (ezifundile, ezinhle, ezifunda ezikhungweni zemfundo ephakeme.) (1)

16.6 Qondanisa amagama akuKHOLOMU A naku KHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 16.6.1 Amalamb' adlile. | A ngiyaqala ukusibona. |
| 16.6.2 Ngiyaseshwama. | B abeLungu |
| 16.6.3 Ibhokisi. | C banezisu ezincane. |
| 16.6.4 Ondlebe zikhany' ilanga. | D bakhuluma isiLungu sengathi basincela ebeleni. |
| 16.6.5 Asikhiphe ngamakhala. | E ikhompuyutha |

(5 x 1) (5)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 120**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha